

Sinomonde Ngwane Nerissa Govender Thulisizwe Mamba


KUMELE KUBE NOTHINGO LWENKOSAZANA



KUMELE KUBE NOTHINGO LWENKOSAZANA

Le ncwadi ngeka







Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.

Kumele kube nothingo lwenkosazana

Illustrated by Sinomonde Ngwane

Written by Nerissa Govender

Designed by Thulisizwe Mamba

Translated by Nal'ibali

with the help of the Book Dash participants in Durban on 7 November 2015.

ISBN: 978-1-928377-54-2

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.


Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

KUMELE KUBE NOTHINGO LWENKOSAZANA

Sinomonde Ngwane | Nerissa Govender | Thulisizwe Mamba

KweloMbuso wamaZulu kunendawo
enhle kakhulu okuthiwa kuseSigodini.



Intombazanyana enguJabulile ihlala lapha.
UJabulile wayehlale ejabulile. Wayehlale
elangazelele ukwazi izinto futhi ebuza
imibuzo eminingi ngempilo. Konke
kwakumthokozisa nje uma ekucabanga.



Uyise kaJabulile wayelima ummbila.
Unina wayenguthisha. Bamfundisa ukuthi
aphuphe okukhulu. Iphupho elikhulu
likaJabulile kwakungukusiza abantu.



Wonke umuntu kulo muzi wayengumngani kaJabulile, ikakhulukazi abantu abadala. Babemfundisa ngamadoda nabesifazane abake baphila eSigodini. NoJabulile wayethanda ukuhlakanipha.



Ngolunye usuku olwesabekayo, lahloma eSigodini. Lagqunqa izulu laba mnyama. Kwahlasela isiphepho esikhulu ezweni.




Umoya omkhulu wavunguza waphephula uphahla lwamaqhugwane. Zonke izilwane zapheshukelwa yizindlwana zazo. Lolu kwaba wusuku oludabukisa kakhulu.



Izakhamuzi zakhala, “Sizokwenzenjani manje bakithi?” “Zonke izitshalo zonakele!” kubalisa abalimi. “Amakhaya ethu aphephukile!” kusho abadala. Bonke base bephelelwe yithemba.

UJabulile wakhumbula amazwi awatshelwa nguyise ohlakaniphile ngelinye ilanga.



UJabulile waqala wakhuluma nezakhamuzi.
“Isiphepho sisihlukumezile,” kusho uJabulile,
“ngenxa yendlela esikhetha ukulubheka
ngayo udaba lwaso. Kodwa uma nibheka
phezulu, ilanga seliyakhanya futhi.
Sekuwusuku olusha. Ngemuva kwesiphepho,
kumele kube nothingo lwenkosazana!”



Khona manjalo kwavela uthingo
lwenkosazana oluhle esibhakabhakeni.



Izakhamuzi zalubona uthingo lwenkosazana
maqede zamoyizela. Lwama njengophawu
lwesethembiso sokuthi isiphepho sesedlulile.



Izakhamuzi zakha kabusha imizi yazo.
Abalimi batshala izitshalo ezintsha.
Utshani baba luhlaza kunakuqala.



Kwaphinda kwagcwala ithemba
nenjabulo enkulu eSigodini.



